KZN COAT OF ARMS

ISIPHANDLA ESISHA SESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

INKANYEZI EMHLOPHE

Iwumfanekiso wenkanyezi eyabika ukuzalwa kwenkosi ujesu (igama elithi Natali,lisho ukuzalwa laqanjwa uVasco da Gama ngonyaka ka- 1479

2**. IQHUGWANE**

Elihleli enhloko yehawu, liwumqhele wesifundazwe.

3.**UMKHONTO NESAGILA OKUYIMPAMBANO**

okusemuva kwehawu kuyisibonakaliso sobukhosi namandla, ihawu limele ukuvikeleka nesinqumo sethu sokuvikela intando yeningi.

4. IBHUBESI ELISIKELE IHAWU

lidlala indima enkulu esikweni lesintu ingonyama,inkosi yamaZulu ichazwa njengebhubesi. I bhubesi liphinde lidlale idima ebalulekile kwisifanekiso sezwe lasendiya.

5. ISISILA SEJUBA

(inyoni emele ukuthula)

sikhombisa ukuxhumana nokubambisana kwabantu bonke esifundeni.

6.OWUMNGCELE UMUGQA OGWICIZAYO

Uyisithombe sezintaba zokhahlamba ezibaluhlaza ehlobo,zilale isithwathwa ebusika.

7.NKONKONI EMNYAMA EHASE ISIHLANGU.

Lesi sisekelo simadakanya nokubuswa okudala kwesifundazwe.

8.ISIDABANE

lembali kusukela kudala iwuphawu lesifundazwe, iphinde imele ubuhle bemvelo bakwa Zulu Natal.

Masisukume Sakhe

MAsisukume sakhe… lesi yisiqubulo sesifundazwe sethu Sitholakala emdweshini osezansi kophawu lwesiFundazwe. Ukumbulwa kophawu lwesifundazwe kukhombisa isikhathi seisha kubantu bakwaZulu Natal. Manje sesibumbene ukuthi umuntu nomuntu abambe iqhaza emkhakheni wezentuthuko, ekukhuleni komnotho.ekulweni nobubha, kamjalo nasekukhuleni nokuqhakaza

kwesifundazwe. Uphawu lwethu olusha luhlanganisa izinhlaka ezahlukene zesifundazwe sethu, luhlanganisa okomlando nokwanamuhla okusiholela ekusaseni elisha.

Manje nginxusa bonke abantu besifundazwe ukuthi babambe iqhaza, ukubambisana ekutheni sikhule ndwonye ekwakheni ikusasa elinonophele.

Mnumzane Sibusiso Ndebele
UNdunankulu wakwaZulu Natali